Gr-11 P2

TONGAAT SECONDARY SCHOOL

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

UKUHLOLWA KUKAZIBANDLELA-2019

IPHEPHA LESIBILI

IBANGA-11

Imiklomelo: 70

Isikhathi: 2 Amahora

Umhloli: Mnu. S Mathonsi

Umcwaningi: Nkk. B.H. Mkhwanazi

IMIYALELO KUBAFUNDI

- Leli phepha lahlukaniswe izigaba ezimbili.

ISIGABA : A AmaNya'Enyoka

ISIGABA : B Kusa Kusa

- Phendula yonke imibuzo kuleli phepha.
- Ungaxovi izimpendulo zakho.
- Bhala ngobunono bekati.

GR-11 P2

ISIGABA A **AMANYAL'ENYOKA**

Umbuzo 1

1.1 Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

"Wabuza into uyazi? NginguMthunzi Mthethwa," esho ngelinenkani umfoka Nyambose.

"Nx!" wanxapha kakhulu uSindi wabe eselunika uPat ucingo.

Wafunda kwezakhe uPat ukuthi kuyaxatshanwa lapha. UPat wakhetha ukungambuzi uSindi ukuthi ngubani loyo owayesocingweni. Wayemazi kahle owakwakhe ukuthi uma nje eke wanxapha usuke esecikeke ngampela.

"Sawubona uPat," walalelisisa ukuthi konje ngubani ozokhuluma.

"Ya Pat, ngicela ungikhuzele leyo ntombazane. Ngicela uyitshele ukuthi mina ngingubani. Uyitshelisise ukuthi akukhulunywa nami noma yikanjani," uMthunzi ekhuluma engasazihluphanga ngokuzithula ukuthi ungubani.

"Konje mina ngikhuluma nobani?" uPat ezenza ongezwa kanti usezwe kahle kodwa usenzela ukuzenza muhle kuSindi.

1.1.1 Ngokwalesi siqephu esingenhla kungani uPat ayengafuni ukubuza uSindi ukuthi ngubani lo ofonayo? (2)

1.1.2 Ngubani owayeshaya ucingo (2)

1.1.3 Xoxa ukuthi yini eyadala ukuba amaphoyisa mbumbulu angamthinti uTebza ngocingo njengoba kwabe kuthenjiswene, ngesikhathi uPat ebhadama uSindi noTebza emzini wakhe?(3)

1.1.4 Xoxa ngeqhinga elenziwa uSindi ukuvikela ukuba uPat angaboni ukuthi uTebza wabe esemzini kaPat? (3)

1.1.5 Ngakube uSindi wayemthanda ngokweqiniso yini uPat? Sekela impendulo yakho. (2)

1.1.6 Esingenisweni kumele sethulelwe inkinga. Yini eyinkinga kule ndaba evezwa esingenisweni (2)

1.1.7 Uthini umbono wakho ngobudlelwane bobulili obufanayo njengoba buvezwe kule ndaba? (2)

1.1.8 Ungabomthemba umuntu kungcono uthembe itshe. Fakazela lesi simo sokukhuluma ngokucaphuna okwenzeka kule ndaba. (2)

GA11 P2

ISIQEPHU B

KUSA KUSA

Umbuzo 2

2.1. **Funda lesi sisiqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

ISIGCAWU SESIBILI

(Emqashweni ekamelweni likaZenzile. Kuhleli uSebenzile, uFakazile noZenzile. Kuyaxoxwa, uhleko luqhuma phezulu.)

FAKAZILE: *(Ngokuphapha)* Hawul Bangani ake ningixoxeleni phela ngokuzikhipha kwenu. Ikakhulukazi wena Zenzile, ngoba bekuwusuku lwakho lokuqala nesoka lakho elisha.

ZENZILE: Bebengakasikhiphi wena Fakazile. Besisayozipholela nje. Phela mina bengingakamazi lo mfo.

FAKAZILE: Ngifuna ukuzwa khona lokho ukuthi umfunde wambona enjani.

ZENZILE: Cha, angifuni ukuqamba amanga, ngivele ngamthanda yize besiqala ukuba ndawonye.

FAKAZILE: Usho ukuthi kuvele kwatholana amagazi zisuka nje?

ZENZILE: Fakazile, ngikutshela ukuthi ngehluleke nokumlindisa lapho ethi ucela uthando.

FAKAZILE: Ingani ngakutshela ngathi uSebenzile ngeke aze akulethele inkinga yomuntu ongacacile.

ZENZILE: Wawuqinisile ngempela nami sengiyabona. *(Ebuka uSebenzile ngokumamatheka.)* Naye uSebenzile, usesebenzile njengegama lakhe.

SEBENZILE: Ukuba bewukhona Fakazile ubuzozibonela nawe. Bekungathi kade kwathandanwa.

2.1.1 Ngokwalesi siqeshana bakuphi laba abaxoxayo? (1)

2.1.2 USebenzile uvezwa njengongqondongqondo ekutholeleni abanye amadoda. Fakazela lesi sitatimende ngokucaphuna endabeni. (2)

2.1.3 Ngokwalesi siqephu inkulumo kaZenzile imchaza njengomuntu onjani? (2)

1.1.9 Chaza ukuthi amaphoyisambumbulu ngesikhathi efuna imali kuPat, athi eyokwenzani? (2)

1.1.10 Ngakube uPhathekile wazalelwa kuyiphi indawo? (1)

(21)

1.2 Phinda ufunde lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ngaphandle kokunanaza, wadishizela uPat ebaleka waye wangena ekameleni lakhe. Wangena wavala mbe. Wadlula waqonda kuwodilophu enkulukazi wangena kuyo. Ngesikhathi ezivalela kuyona ngaphakathi, babe bengqongqoza ababehle emotweni.

Kwakuyintombazane eyayihamba nomunye wesilisa owayebukeka esemncane ngokweminyaka. Intombazane yayifana naleyo eyayifike noKaputeni.

"Ya ngubani loyo?" uSindi ebuza into ayaziyo.

"Vula ngamaphoyisa," kuphendula owesilisa.

Wabatshela-ke uSindi ukuthi bangangena akukhiyiwe. Zangena madoda ezikadalawane. Zangena ngaphakathi ekhishini zama zangazihlupha nokuhlala phansi. Kwabingelela yona intokazi yabe isiqhubeka ithi:

"Mina ngingu Sayitsheni uNjoko lona engihamba naye unguSayitsheni uMsweli. Ngicabanga ukuthi usangibona mina sisi?" umseshi uJili ebhekise kuSindi.

"Yebo ngiyakubona kodwa manje ngididwa isibongo," esho uSindi embukisisa kahle.

1.2.1 Ngesikhathi kuhlasela amaphoyisa efuna uPat emzini wakhe, yini eyenziwa uPat ukuzama ukubalekela ingalo yomthetho? (2)

1.2.2 Ngokwalesi siqephu yini eyayidida uSindi? (1)

1.2.3 Ngakube yisiphi isizathu esenza ukuba umbhali abhale le ndaba? (2)

1.2.4 Nikeza amagama abantu ababethandana noSindi noPat ngaphambili kokuba bashade.(2)

1.2.5 Ngubani umlingiswa omkhulu kule ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.6 Yini le umbhali ayibiza ngamanyala enyoka kuManyal'Enyoka? (3)

1.2.7 Kwagcina kwenzekeni ngoPat? (2)

(14)

Isamba Sesiqephu A **{35}**

GR11 P2

2 1 4 Ukujaha impilo esheshayo nobumnandi kuyingozi. Fakazela lesi sitatimende ngokwenzeka kulo mdlalo (2)

2 1 5 Umbhali usifundisani ngempilo yoZenzile noSebenzile? (3)

2 1 6 Ngubani umlingiswa omkhulu kule ndaba?Sekela impendulo yakho. (2)

2 1 7 Ukubekezela kuzala impumelelo. Fakazela lo mbono ngokucaphuna endabeni (2)

2 1 8 UVusi uvezwe kanjani kulo mdlalo? (2)

(16)

2.2 Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela

MXOLISI: Ngoba usuze wathinta eyokuqonywa kwami angisale sengikuvulela nami isifuba sami ngayo le ntombi ongitshela ngayo.

SIPHO: Ngilalele.

MXOLISI: *(Ebuka uSipho ngqo emehlweni.)* Empeleni Sipho mngani wami mina angiyithandanga le ntokazi engumngani wentombi yakho. Kambe ubani igama layo?

SIPHO: UZenzile.

MXOLISI: Yebo, angibanga nalo nje uthando lwayo.

SIPHO: Uthini manje Mxolisi?

MXOLISI: Ngiqinisile ngempela Sipho. Bese ngimane ngenza nje.

SIPHO: Uze umeshele nje ungamthandi besekwenzenjani?

MXOLISI: Bese kuphele izindaba Sipho, sengiswele nje ukuthi ngizothini.

SIPHO: Kahle bo wena.

MXOLISI: Kuvele kwashelela ulimi[6], ngethuka sengishelile.

2 2 1 Ngokwalesi siqephu yini eyenza ukuba uMxolisi ashele uZenzile? (2)

2 2 2 Ngakube ukwaliwa kukaVusi nguZenzile kwaba isibusiso noma isiqalekiso empilweni kaVusi? Sekela umbono wakho. (2)

CIFIL P2

Ngakube isihloko salo mdlalo siyahambisana yini nokwenzeka endabeni? Sekela ngokucaphuna okwenzeka endabeni. (2)

2.2.3 Sithini isifundo osifunde kulo mdlalo? (1)

2.2.4 Ngokucabanga kwakho yini eyadala ukuba umbhali enze ukuba uVusi nenoNomcebo bathole umsebenzi kanye kanye. (2)

2.2.5 Ngakube okwenzeka kulo mdlalo kuyakholakala yini? Sekela umbono wakho. (2)

2.2.6 Yini le eyadala ukuba uMxolisi athi uZenzilke wazifakela isichitho ngayo. (2)

2.2.7 Ngakube kuyiqiniso yini ukuthi uma umuntu engasebenzi akulula athole uthando?Sekela umbono wakho (2)

2.2.8 Chaza isimilo sikaVusi njengoba evezwe emdlalweni. (1)

2.2.9 "Lithatha osemsamo limbeke emnyango,kuthi osemnyango limbeke emsamo".Fakazela le nkulumo ngokwenzeka kulo mdlalo. (2)

2.2.10 Chaza ngamafuphi isihloko salo mdlalo? (1)

(19)

IsambaSesiqephu B (35)

IsambaSesisonke (70)